**INKULUMO EYETHULWA EGAMENI LIKANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EBHAMBANANA ENGWAVUMA NGOLWESINE MHLAKA 08 SEPTEMBER 2011.**

Mphathi wohlelo;
Amalungu esiShayamthetho sesifundazwe;
Amakhosi aseNdlunkulu nezinduna zawo;
IMeya yoMkhandlu;
Amakhansela wonke akhona;
Abefundisi;
Imboni yamatekisi;
Ngokukhethekile ngibingelele imindeni ethintekile nengosingaye lapha;
Umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela egameni leNkosi yethu u-Jesu Kristu.

Masiqale ngokuxolisa egameni likaMhlonishwa uMacingwane ophathiswe lo Mnyango wezokuThutha ngokuthi akakwazanga ukuba yingxenye yale nkonzo ngenxa yokuxinwa ngeminye imisebenzi yesizwe.

Njengokujwayelekile uma sinezinkonzo zalolu hlobo, kubalulekile ukuba siqale ngokubonga imindeni yalabo abasishiyile ngokusivumela njengoMnyango wezokuThutha ngaphansi kukaHulumeni waKwaZulu-Natal ukuba sihlele inkonzo enjengalena ukuze sibhonge emswanini ndawonye.

Nalapha-ke mindeni esemanzini kanye nomphakathi wonke sithe nakuba singasazi ukuthi yimaphi amazwi okumele siwasho manje njengoHulumeni mayelana nezingozi zomgwaqo, kodwa ngeke singakwenzi lokhu osekuwusiko lwethu lokuzoduduza izihlobo sisho sithi sinani kubo bonke ubunzima enibhekene nabo.

Ngithi asisazi ukuthi yimaphi amazwi okumele siwasho manje ngoba wonke umuntu oneqiniso phela uyazi ukuthi akukho esingasakwenzile manje emigwaqeni yethu.

Okusempeleni sikubona njengeshwa elikhulu ukuthi isifundazwe sethu saKwaZulu-Natal senza yonke imizamo yokuqinisekisa ukuthi abasebenzisi bomgwaqo bayaphepha ngokwakha imigwaqo emihle bese kuqiniswa imikhankaso yokuphepha emgwaqeni, kodwa sisaqhubeka nokuhambela izinkonzo zalolu hlobo.

Ngenyanga edlule ka-August sihambele izinkonzo zesikhumbuzo ezintathu lapho silahlekelwe khona ngabantu abangamashumi amathathu nambili (32) ezingozini zomgwaqo ezintathu nje kuphela.

Besicabanga ukuthi ngemuva kwezinkulumo nemithandazo ebesiyenza mhlambe kule nyanga sizobona ubungcono. Kodwa kuthe uma kwehla le ngozi ngoMgqibelo, sabona ukuthi le nkinga kanti isaqhubeka. Angisayiphathi-ke eyokuthi kuthangi ngoLwesibili siphinde salahlekelwa ngabantu abahlanu engozini yomgwaqo eyenzeke e-Vryheid.

Lapha ngikhuluma ngezinhlekelele ezibandakanya abantu abangaphezulu kwabahlanu kuphela, kodwa siyazi ukuthi usuku nosuku ziyakhishwa izibalo zabantu abangaphansi kwabahlanu abasishiya ezingozini zomgwaqo ezindaweni ezahlukene.

Uma sihambele izinkonzo ezinjengalena-ke siye sikhulume kakhulu ngokubaluleka kokushayela ngendlela efanele. Siye size sigcizelele nako ukuthi okusempeleni izingozi zomgwaqo zenziwa ngamaphutha abantu asuke engagwemeka.

UHulumeni usebenzisa izimali ezishisiwe zabakhokhi bentela kuchitheke nesikhathi esiningi kuncengwa abantu ukuba bangenzi izinto ezizobulala bona noma zenze bona babe ngababulali. Kodwa phezu kwako konke lokho sisahambela izinkonzo zalolu hlobo.

Bheka nje, akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomgwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emgwaqeni. Uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho bese edala ingozi abulale abantu abangenacala.

UHulumeni uphinda akhe imigwaqo eminye ayifake itiyela ngemali eshisiwe, ayifake nezimpawu zokuxwayisa ngokungaba yingozi uma ushayela, kufakwe namabhodi akutshela umgomo wejubane okumele uhambe ngalo kuleyo ndawo. Kodwa mihla namalanga singcwaba abantu abashonele emgwaqeni ngenxa yokushayela bedakiwe nokugijima ngokweqile.

Ngenxa yokwephulwa kwale mithetho, uHulumeni uphinde achithe imali eningi eqeqesha futhi aholele amaphoyisa azogada izephulamthetho emgwaqeni. Manje yini-ke bakwethu okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani?

UMhlonishwa uNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonke uDkt Sbu Ndebele uhlale ethi "abaphilayo yibona abavala amehlo abangasekho bese kuthi abangasekho bavule amehlo abaphilayo".

Izigameko ezinjengalesi esihlangene ngaso lapha zisivula amehlo ngezinto ezenzeka emigwaqeni yethu. Yingakho-ke uMnyango unqume ukuthi usebenzise le nkonzo yesikhumbuzo njengenkundla yokunimema nonke lapha ukuba nikhombise ukuzibophezela kwezokuphepha emgwaqeni ngokuba nesekele umkhankaso wethu.

Masivumelane sonke ukuthi namhlanje siqhuba umkhankaso wokubambisana ozosithatha usibeke esikhathini samaholide kaKhisimusi nangemuva kwawo. Noma ngabe ungumshayeli noma ungumgibeli, sithi kumele sizibophezele ukuthi sizoziphatha ngendlela futhi sihloniphane emgwaqeni.

Njengabagibeli masingavumi ukugibela izimoto ezizobeka izimpilo zethu engozini ngenxa yesimo semoto noma somshayeli. Abemboni yokuthutha umphakathi mabasilekelele ngokuthi bangavumi nabo ukulokhu kwakhonjwa bona ukuthi isizwe siyaphela siphelela ezandleni zabo.

Njengesifundazwe sizolweseka ngokuphelele uhlelo lukazwelonke lokuqinisa ukugcinwa komthetho ezinqoleni ezithutha umphakathi. Vele lokhu kuzolekelela nohlelo lwethu esesiluqalile oluholwa yikomiti le-Integrated Traffic Law Enforcement Committee (ITLEC), elibhekene nokunqandwa kwezingozi kanye namacala okuyiwona aholela ekufeni kwabantu kulesi fundazwe.

Leli komiti elihlanganisa namaphoyisa omasipala lizohola izinhlelo ezididiyele zokugcinwa komthetho esifundazweni, lenze ucwaningo oluzolekelela ekunciphiseni izinga eliphezulu lezingozi zomgwaqo kanye nokufa kwabantu.

Sifuna ukubona kuqiniswa ukugcinwa kwemithetho yomgwaqo kuzo zonke izindawo kuhlanganisa nezasemakhaya, amalokishi nasemadolobheni. Lokhu kusho ukuthi siyawuqeda lo mkhuba wokuthi siqinisa imikhankaso yethu yezokuphepha emgwaqeni ngezikhathi ezithile zonyaka lapho umthamo wezimoto usuke umningi njengamaholide kaKhisimusi nawePhasika.

Sifuna ukuqinisekisa ukuthi sinkanise yonke indawo ngezokuphepha emgwaqeni amahora angu-24 ngosuku, izinsuku ezingu-7 ngeviki no-365 ngonyaka.

Siyazi futhi ukuthi kunomkhankaso kazwelonke wokufaka ingcindezi yokuthi umuntu odale ingozi yabulala umuntu kubhekwe ukuthi ngeke yini abekwe icala lokubulala ngqo uma kutholakala ukuthi ingozi yenzeke ngenxa yobudedengu bakhe.

Phela uma sisenemithetho evumela umshayeli ophula umthetho womgwaqo abulale umuntu ongenacala, bese kodwa lowo mshayeli abekwe icala lokubulala engahlosile noma akhiphe inhlawulo – kuyacaca ukuthi lowo mthetho udinga ukubhekisiswa.

Kwenye yalezi zingozi ezintathu ebengikhuluma ngazo eyenzeke e-Kokstad, umshayeli wetekisi eyenza ingozi ugcine abezokushushisa bembeke amacala ayishumi okubulala hhayi okubulala engahlosile. Lokhu sikuthatha njengelinye igxathu elibalulekile kulo mkhankaso wethu wokulwa namaphutha angagwemeka emigwaqeni yethu.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sifisa ukududuza imindeni yalaba:

| Name and Surname | 6. Doli Nxumalo (65) |
|---|---|
| 1. Zwelinjani Mngomezulu (25) | 7. Sarah Nyawo (63) |
| 2. Norman Mthethwa (54) | 8. Zodwa Nyawo (45) |
| 3. Nkk Mthethwa (47) | 9. Amos Thembinkosi Sibiya (35) |
| 4. Sphelele Msomi (28) | 10. Oweshumi obengakahlonzwa |
| 5. Nqobile Gina (16) | |

**Imiphefumulo yabo sengathi ingalala ngoxolo!**

Sifisela nalabo abasezibhedlela ukululama ngokushesha.

UMnyango uzobasiza abathintekile nemindeni ekulandeleni imigudu yokuthola usizo lwe-Road Accident Fund. Lokhu kwenziwa mahhala, kodwa kumele sigcizelele ukuthi akusho ukuthi asibavumeli abantu ukuthi bazisebenzisele abameli babo mhlambe ababakhokhela nyanga zonke uma benabo.

Esikushoyo ngukuthi senzela labo abadinga ukulekelelwa bangaze baxhoshwe ngabanye abantu abathi bayabasiza. Bakhona ababhekene nalokho abaqhamuka eMnyangweni wezokuThutha.

Sengathi iNkosi ingaba nathi sonke uma sesiyofihla izithandwa zethu ngokwehlukana.

**Ngiyabonga**